# Izintshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## *Intshumayelo ngomkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi, ngomhla ka 25. 12. 2011  05/2012*

*Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.*

1. Iculo 51/53
2. Umkhuleko: *Nkosi Nkulunkulu, Baba onothando olumangalisayo, siyakubonga, siyakudumisa, Nkosi yezulu nomhlaba, ngokuba ulwambulile uthando lwakho kithi, ngokusipha uMhlawuleli onguJesu Kristu iNdodana yakho ethandekayo. Sesibuthene lapha ukuba sizwe izwi lakho elingcwele, ngakho siyacela ukuba usiphe uMoya wakho oNgcwele, ukuba asidonsele kuwe sibe ngabantwana bakho abathandekayo isibili, siphile impilo eyamukelekayo kuwe, lokhu sikucela ngaye uJesu Kristu iNkosi noMsindisi wethu. Amen.*
3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe ku-Thithu 3:4-7;
4. Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuLuka 2:1-20
5. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...
6. Iculo 45/47
7. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo
8. Iphisola ngohlelo lwesine lilotshiwe ku-1 Johane 3:1-6, lithi: "*Bhekani uthando olungaka asinike lona uBaba lokuba sithiwe singabantwana bakaNkulunkulu; futhi siyibo. Ngalokho izwe alisazi, ngokuba alimazanga yena. Bathandekayo, manje singabantwana bakaNkulunkulu, kepha akukabonakali esiyakuba-yikho. Siyazi ukuthi, nxa ebonakaliswa, siyakuba-njengaye, ngokuba siyakumbona njengokuba enjalo. Bonke abanalo lelothemba kuye bayazihlambulula, njengokuba yena ehlambulukile. Bonke abenza isono bayeqa nomthetho, ngokuba isono singukweqa umthetho. Senazi ukuthi yena wabonakaliswa, ukuze asuse izono; akukho-sono kuye. Lowo ohlala kuye akoni; lowo owonayo akambonanga, futhi akamazi.*" Amen

Intshumayelo: Bandla elithandekayo leNkosi yethu uJesu Kristu, namuhla sigubha umkhosi wokukhumbula ukuzalwa kweNkosi yethu uJesu Kristu. Ngakho siyathokoza kakhulu ngokuba ngalolusuku lwanamuhla uNkulunkulu wafakazela uthando lwakhe kithi, ngokusibuyisela kuso isimo esiphelele sokuba sibe

ngabantwana bakhe, ngaye uJesu Kristu iNkosi yethu, owashiya isihlalo sakhe sobukhosi ezulwini, wehla wathabatha isimo sobuntu, wabonakala efana nabantu kuwo umphakathi wobuntu, ngokuba ubuNkulunkulu bakhe babufihlekile emehlweni esintu, ngaphandle kwalabo abembulelwa nguNkulunkulu ukuba babone inkazimulo yakhe. Namuhla-ke sinentokozo enkulu impela, ngokuba sikhumbula ukuthi: Ngalo lolusuku oNgcwele kaNkulunkulu wafika lapha emhlabeni, uJesu wazalwa eBethlehema laseJudiya, ezalelwa ukuba abe nguMsindisi wezizwe zonke ezisemhlabeni wonke, ngakho lokhu sinentokozo enkulu nathi esingesona isizwe sabaJuda ngokwemvelo, kepha ngaye uJesu Kristu sesibuyiselwe kuso isimo sokuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu. Yikho lokhu esikuzwayo nakuleliphistola lanamuhla lapho lithi: Singabantwana bakaNkulunkulu. Impela siyibo. Ngakho

1. Siphila ngokwethemba iNkosi.

2. Siphila ngokuthethelelwa kwezono.

3. Siphila ngokuhlala kuKristu.

Bandla elithandekayo likaKristu, umphostoli uJohane siyamuzwa namuhla kungathi uthi: Noma sesingabantwana bakaNkulunkulu isibili ngaye uJesu Kristu, ofikele, ozalelwe lokho ukuba asibuyisele kuso isimo sokuba sibe ngabantwana bakaNkulunkulu isibili; - nokho njengalokhu sisengabantu abaphila kulelizwe, ngakho akukabonakali esiyakuba yikho, ngokuba ukuba ngumntwana kaNkulunkulu akuguquli isimo somzimba walowomuntu, ngakho nokholwayo usaphila emzimbeni wenyama; ngokunjalo-ke uma umuntu ekholwa kanti ungumuntu wesizwe esinsundu, uyakuhlala enomzimba onsundu, uma esaphila kulelizwe, futhi ekhuluma ulimi lwesizwe sakubo; ngokunjalo nomuntu wesizwe esimhlophe, uma ekholwa, kepha esaphila kulelizwe, uyakuhlala enomzimba omhlophe njalo, futhi ekhuluma ulimi lwesizwe sakubo. Yikho lokhu-ke akushoyo umphostoli, uma ethi: Akukabonakali esiyakuba yikho, nokho siyazi ukuthi, nxa ebonakaliswa siyakuba njengaye. Ngakho sithi: Abantwana bakaNkulunkulu bayaphila ngokwethemba, hhayi ngokubona. Ngokuba ukwethemba kungukuqiniseka ngento umuntu angayibonanga ngamehlo. Ngakho sithi: Abantwana bakaNkulunkulu baphila ngokwethemba iNkosi, ngakho bonke abafuna isibonakaliso bayalahlekelwa yisimo sobuntwana bukaNkulunkulu; njengalokhu esikubonayo nakuso isicebi esasisesihogweni somlilo, sacela kuAbrahama ukuba athume uLazaro ayoshumayeza abafowabo ababesemhlabeni, kepha uAbrahama wathi: Uma

bengakholwa nguMose nabaprofethi, abayikukholwa noma kuvuka umuntu kwabafileyo; ngakho sithi: Siphila ngokwethemba, hhayi ngokubona. NoJesu wameluleka uThomase ongakholwanga uma abanye abafundi bethi uJesu uvukile, kepha yena wathi angeke akholwe engabonanga ngamehlo, futhi amphathe nangezandla, kepha uJesu wathi kuye: Babusisiwe abakholwa bengabonanga. Ngakho asikho isidingo sokuba silindele izibonakaliso, noma ukunyakaza okungahle kube khona ngaphakathi kwethu ukuze siqiniseke ukuthi singabantwana bakaNkulunkulu. Cha! Singabantwana bakaNkulunkulu isibili ngokwethemba iNkosi kuphela ngokuzwa ezwini layo.

Umphostoli uJohane uyaqhubeka uthi: "Bonke abanalo lelothemba bayazihlambulula." Ngakho sithi bonke abangabantwana bakaNkulunkulu baphila ngokuthethelelwa kwezono. Lokhu ukuthethelelwa kwezono kuyinto emqoka kakhulu, ngokuba kungekho ongaba ngumntwana kaNkulunkulu ngaphandle kokuthethelelwa kwezono, ngokuba uAdamu noEva bengakaweli esonweni babesesimweni esiphelele sokuba ngabantwana bakaNkulunkulu, kepha kwathi ukuba bawele esonweni balahlekelwa yilesosimo sokuba ngabantwana bakaNkulunkulu, isono sabehlukanisa noMdali wabo, saphumputhekisa amehlo abo ukuba bangamboni, futhi bangamthandi, kepha bamzonde onguMenzi wabo oNgcwele, njengalokhu yena oNgcwele kwakungekho nokukodwa okungcolile okwaba nelungelo lokusondela kuye oNgcwele, ngokunjalo nezoni zavalelwa ngaphandle, okuwukuthi bonke abantu njengalokhu bevela enzalweni kaAdamu, isono sabavalela ngaphandle, akutholakalanga noyedwa umuntu owaba namandla okususa isono ukuba abuyele kuso isimo sokuba ngumntwana kaNkulunkulu. Ngakho isintu sonke saba ngaphansi kwentukuthelo kaNkulunkulu. Kepha ngenxa yomusa wakhe omangalisayo wathumela iNdodana yakhe uJesu Kristu ukuba ibe nguMsindisi wabantu bonke. Ngakho lokhu namuhla sigubha lomkhosi wokuzalwa kukaJesu Kristu ngokuthokoza okukhulu, ngokuba ayikho insindiso ngomunye, ngokuba alikho futhi elinye igama phansi kwezulu, elinikwe ebantwini, esimelwe ukusindiswa ngalo, ngokuba uKristu wabonakaliswa, ukuze asuse izono, kepha yena engenasono, kepha uYise wamenza isono ngenxa yethu, ukuze ngaye senziwe abantwana bakaNkulunkulu isibili, ngokuba konke kuvela kuNkulunkulu owenza ukuba sibuyisane naye, engasibalelanga izono zethu, kepha wabeka kithi izwi lentethelelo. Ngakho sithi: Abantwana bakaNkulunkulu baphila ngokuthethelelwa kwezono.

Umphostoli uJohane uyaqhubeka uthi: "Lowo ohlala kuye akoni." Siyazi ukuthi lomntwana ozelwe uJesu Kristu ungoNgcwele kaNkulunkulu, unguNkulunkulu uqobo. Njengalokhu-ke wayemiselwe ukusindisa abantu bonke, ngakho walishiya izulu, wehla weza lapha emhlabeni, njengalokhu wazalwa nguMariya umuntu, wahlala phakathi kwabantu, waze wafeza umsebenzi wokusindisa abantu. Ongenasono wamenza isono ngenxa yethu, ukuze kuthi ngaye senziwe sibe ngukulunga kuNkulunkulu. Ngakho sithi: Yilowo nalowo ongumntwana kaNkulunkulu uphila ngokuhlala kuKristu, ukuze kuthi uma uNkulunkulu embheka angaziboni izono zakhe, kepha esikhundleni sazo, abone ukulunga okunguKristu; ngokuba izono zomuntu ohlala kuKristu ziyasulwa ngukulunga kukaKristu. Manje kungavela umbuzo othi: Njengalokhu namuhla sikhumbula ukuzalwa kukaKristu, okwenzeka eminyakeni engamakhulukhulu eyedlula, noKristu sewusezulwini, pho! Singahlala kanjani kuye na? UJesu wathi kubaJuda abasebekholwa nguye: Uma nimi ezwini lami ningabafundi bami isibili. Aphinde athi: Odla inyama yami aphuze igazi lami uhlala kimi, nami kuye. Aphinde athi: Bhekani, mina nginani izinsuku zonke kuze kube sekupheleni kwezwe.

Ngakho-ke abantwana bakaNkulunkulu bahlala kuKristu ngendlela yokuphila ngokuholwa yizwi leNkosi nokuphila ngokwamukela amasakramente. Uyafuna yini nawe ukuba ube ngumntwana kaNkulunkulu isibili? Yiza kuKristu uhlale kuye, naye uyakuhlala nawe kuze kube phakade. Amen.

Umkhuleko: *Nkosi, Nkulunkulu, Baba onobubele! Siyabonga, ngoba wavuma ukuba iNdodana yakho ibe umuntu, ibe uMsindisi noMhlawuleli wabantu. Nkosi, Jesu Kristu! Siyadumisa, ngoba washiya ubukhosi bakho waba ompofu ngenxa yethu, wasicebisa thina ngobumpofu bakho; weza waba umnewethu ukuba sibe abantwana bakaNkulunkulu kanye nawe. Nkosi, woza namanje usikhumbuze ngokuzalwa kwakho eBethelehema, usiphe izinhliziyo zobuntwana, sikholwe kuwe, sithokozele ukufika kwakho ngezinhliziyo ezibongisisayo. Wena ongukukhanya kwasezulwini, sikhanyise ebumnyameni balomhlaba! Wena kuphila kwaphakade, siphe ukuphila ngawe! Wena Nkosi yokuthula, siphe ukuthula kwakho ezikhathini lezi zezindlame, zezinhlupheko, zokubulalana! Wena oyinkazimulo yobukhosi bukaNkulunkulu, sicandule sifane nomfanekiso wakho ongcwele! Silondoloze embusweni wakho, ukuba sikukhonze sikudumise ebukhosini bakho njalo, namadolo onke aguqe kanye nathi phambi koMntwana oyiNkosi yamakhosi. Amen.*

9. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 48/49

*Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.*

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-1983/1994 ngu-I. Dube ( † ).
Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa:
Lutheran Heritage Foundation.